



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

2017

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-23.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.
3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A: Inoveli	(35)
ISIQEPHU B: Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C: Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPHU D: Izinkondlo	(35)
4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

ISIQEPHU A: INOVELI
Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

ISIQEPHU B: UMDLALO
Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

ISIQEPHU D: IZINKONDLO
Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.
5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.
6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.
7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

ISIQEPHU A: INOVELI		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
IZINOMBOLO ZEMIBUZO	AMAMAKI	IKHASI
1. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	35	5
2. <i>Umshado</i>	35	7
ISIQEPHU B: UMDLALO		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
3. <i>Ababulali Benyathi</i>	35	10
4. <i>Isiko Nelungelo</i>	35	14
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE		
Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.		
5.1 'Lapho Kukhona Uthando'	18	18
5.2 'UNozimoto'	17	19
ISIQEPHU D: IZINKONDLO		
Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.		
6.1 'Ungumzali Onjani?'	18	21
6.2 'UNozidumo'	17	22

Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhetshiwe ('Checklist'):

ISIQEPHU	IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE
A: INOVELI	1–2	1	
NOMA			
B: UMDLALO	3–4	1	
NOMA			
C: IZINDABA EZIMFISHANE	5	1	
NOMA			
D: IZINKONDLO	6	1	
QAPHELA: Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

ISIQEPHU A: INOVELI**UMBUZO 1: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

Ngokujwayelekile bafika endlini benza ababezokudla maqede bayocula nezinye izinsizwa abacula nazo, kodwa-ke namuhla kwake kwaxoxwa ngale ndaba kaManyoba. Ezinye izinsizwa zajabula ukuzwa ukuthi usezohola kangcono njengoba babazi ukuthi usafanele athenge izinkomo zokulobola ingoduso yakhe ekhaya. Kulezi zinsizwa kwakukhona imizwilili yoqobo eyayicwenga kamnandi ngempela. Kwesinye isikhathi kwakuhlanganyelwa kuxoxwa ngezintombi abazishiye emakhaya. Kumbé kuxoxwe ngokukade kwenzeka ngoKhisimuzi emaceceni. 5

NgoKhisimuzi kwenzeka kwahlanguana izigodi komunye umgcagco zidlalisela ezintombini izinsizwa. Ukungcweka ikona okwakudla ubhedu kulo mdlalo wodumo. Izintombi ziyakikiza uma izinsizwa zishaya induku. Kusukwa kuhlotshiwe kulo mdlalo. Ezinye izinsizwa zidla imitshotshovu kanti ezinye zibhincile amabheshu azo anhlobonhlobo, wena owabona embukisweni woqobo. Izihlangu ezisuke ziphethwe zinhlobonhlobo. Kukhona eziphatha izihlangu ezimaqandakawayiba, ezimpevu kanye nezinhlobonhlobo ngokwehlukana kwemibala yezinkomo. Zisuke **zidlana imilala** kule nkundla okudliselwa kuyona. Izinsizwa zishayane amakhanda bese ziyogeza emfuleni, zibuye sezincokolisana zitshelana ukuthi ngokuzayo kuyokuba omunye oyobe ezogezwa lapha. Kwakungavamisile ukuthi izinsizwa zibambelane amagqubu ngemuva kokungcwekisana. Uma ungakaganwa, omama bakubuza njalo ukuthi uyoganwa nini. Naye-ke uManyoba kwakuwumbuzo ayewuphendula zonke izinsuku lo. Kwase kuwuye kuphela kubafana owayengakaganwa, kodwa-ke kulokhu wabethembisa ukuthi usezothatha abammele kancane nje. 10 15 20

- 1.1 Ngokwalesi siqephu iyiphi indaba emnandi okwakuxoxwa ngayo ngalolu suku? (1)
- 1.2 UManyoba nezinsizwa zangakubo babesichitha kanjani isizungu uma sebebuya emsebenzini? (1)
- 1.3 Yimiphi imibala yezinkomo EMIBILI okukhulunywa ngayo kulesi siqephu? (2)
- 1.4 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi izinsizwa zangakubo kaManyoba zingawufuni umsebenzi emadolobheni aseduze naseMsinga. (4)
- 1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isimo sokukhuluma esithi: 'Zisuke **zidlana imilala**' sisho ...
A ukubaleka.
B ukukhala.
C ukuqhudelana.
D ukulumana. (1)

- 1.6 Chaza ukuthi isenzo sikaManyoba sokweqa epulazini siyikhulisa kanjani le ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.7 Le ndaba yenzeka esikhathini samanje. Bhala amaphuzu AMATHATHU ukusekela lesi sitatimende. (3)
- 1.8 Umbhali usisebenzise kahle yini **isingathekiso** emshweni olandelayo? Sekela impendulo yakho. Kulezi zinsizwa kwakukhona **imizwilili** yoqobo. (2)
- 1.9 Ukuba wena wawungumzukulu kaMaNdlovu wawuyokwenzenjani uma ubona ugogo wakho ehlukeyezwa ngumama wakho ngalolu hlobo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.10 Uyavumelana yini nokuthi uManyoba ungumuntu obonakala enenhlanhla ngokwendalo? Sekela ngezigameko EZIMBILI ezenzeka kuyena. (2)

KANYE**ISIQESHANA B**

Esasebenza uManyoba wahlangabezana nezingqinamba eziningana empilweni yakhe. Ngelinye ilanga eyogibela eya eMsinga, itekisi yagcwala phambi kwakhe, wabe sancenge ukuba isale isimncikisa angasali ezinsizweni zangakubo, kwabe uzithelela amanzi emhlane wedada. Kwadingeka ukuba alindele enye elandelayo itekisi. Isikhathi sase sihambile impela kungasekho ukuphindela ehositela. Wahhala elindele ukuthi kuzoba khona elinye itekisi kwaze kwaba sebusuku impela lingagcwali itekisi bebabili nje vo. Kwakunguyena nenye insizwa ayengayazi. Kwathi umshayeli wetekisi ebona ukuthi ayigcwali, wathi useyolala yena nabo abazibonele. Washo wasuka njalo. Akupholanga maseko besacabanga ukuthi bazokwenzenjani, zafika ezinye izinsizwa. Zababingelela ngenkulu inhlonipho le. Bavuma. Zababuza ukuthi bayaphi. Bathi baya eMsinga, manje itekisi abebezoligibela, alisagcwalinga. Umshayeli ubashiye wathi useyolala yena ngoba ngeke ahambe nemoto ingagcwele. Zase zithi lezi zinsizwa zingabasiza bona. Zathi abayogibela kuleya moto. Zabaphathisa izimpahla. Bagibela njalo yashishiliza nabo yaze yayofika lapho bengazi khona, yavele yama esikheleni nje sikaNtombela zathi abehle. Kule ndawo akukho muzi, kusesigangeni nje. Sebemile, kwathiwa abakhiphe yonke imali abanayo. Baxakeka nje ukuthi kwenzekani. Zakhapha imimese emikhulu, zathi azisahleki zifuna imali nje kuphela. Uma bengayikhiphi, bazowukhomba umuzi onotshwala. 5 10 15

- 1.11 Xoxa ngenkinga ababhekana nayo oManyoba nendoda ayehamba nayo emva kokuba umshayeli wetekisi eya eMsinga enquma ukungabe esahamba. (2)
- 1.12 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
1.12.1 uMacingwane	A Ulanywa nguLukhoso.
1.12.2 uNgumbu	B Wayenamapulazi amaningana.
1.12.3 uGeorge	C Wayenamakhosikazi amabili.
1.12.4 uNtombela	D Isithakazelo sakwaMchunu.

(4 x 1) (4)

- 1.13 Ukuqhamuka komlungu kwaba namphumela muni empilweni kaManyoba nendoda ayehamba nayo? (2)
- 1.14 Sifundo sini osithole ngokufunda lesi siqephu esingenhla? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)
- 1.15 Chaza ngamaphuzu AMABILI okukhombisa ukuthi unkosikazi kaMduduzi wayengumuntu onothando lwabazali bomyeni wakhe. (2)
- 1.16 Umbhali uphumelele ukulandela imigomo ebalulekile yokubhala isiphetho senoveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

UMBUZO 2: UMSHADO – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA C

Aqhamukele emgwaqeni wezimoto. Amangale kakhulu. Nangu uTholakele. Abukisise uBhekani. Nguye impela uTholakele. 'Nkosi yami,' kusho uBhekani. UTholakele wayehamba nomunye wesilisa. Axakeke uBhekani ukuthi uzomisa kanjani. Okubi futhi ukuthi uzohlangana nabo laba bantu. Wehle umfutho wokushesha kwakhe manje. Afise ukucasha. Akulula, kusobala kwabha. Nabo oTholakele sebembonile futhi. 5

Kufike inhliziyi embi ethi akamcele uxolo uTholakele noma ehamba nalo muntu. Abuye esabe. Azitshela ukuthi kokunye uTholakele uzomkhumbula ngoba umbonile ekuseni.

'Bengimtshelile futhi lo sisi ukuthi ngifuna ukuxoxa naye. Kufanele ame uma edlula lapha,' kukhuluma uBhekani ezinika ithemba. Asondele uBhekani. Asondele noTholi nomuntu wakhe. Bahlangane. Kubingelelwane. Kwedlulwane. Ziyime emthumeni kuBhekani. UTholi nomlisa bedlule sengathi abakaze bambone. 10

'Ngizokwenzenjani?' UBhekani ozibuza lo mbuzo. 'Angijike ngibalandele kancane.' Nangempela bathi bethi sithe oTholi, wayejika ngokushesha uBhekani. Walandela uTholi nomlisa lowo. Imxake le nto uBhekani. Bayazana laba bantu. Bayaxoxa futhi baze bahleke benjalo nje. Alandele nokho. Uthe ebona wayesalela manje uTholakele. Angazi uBhekani noma sebembonile yini, bafuna ukumxosha. Alandele. Kokunye le ndoda iyolanda isikhali manje. UBhekani ucabanga lokho. **Ahole izinyawo** manje uBhekani. Amehlo akhe abe elokhu entshontsha uTholakele. Uthe evusa ikhanda wabona uTholakele emqhweba. Ajabule kuthi inhliziyi ayiphume ngomlomo uBhekani. 20

- 2.1 Ngubani igama lalo mlisa ohambisana noTholakele? (1)
- 2.2 Yini eyehlisa umfutho wokushesha kuBhekani ngokwalesi siqephu? (1)
- 2.3 Budlelwane buni obabukhona phakathi kukaTholakele nalo mlisa ayehamba naye. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.4 Bhala isizathu esasenza ukuthi uBhekani afune ukubona uTholakele. (2)
- 2.5 Ukusalela kukaTholakele emuva kwamenza wacabangani uBhekani. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

- 2.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isimo sokukhuluma esithi: '**Ahole izinyawo** manje uBhekani', sisho ukuhamba ...
- A usheshe.
B kancane.
C uhlehle.
D ugijima. (1)
- 2.7 Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi uTholakele naye wayenesifiso sokuxoxa noBhekani. (2)
- 2.8 Chaza ukuthi kwaba namthelela muni empilweni kaBhekani ukuthandana kwakhe noTholakele? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.9 Le ndaba yenzeka esikhathini samanje. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 2.10 Uyavumelana yini nokuthi kwakufanele uBhekani athatheke ngesikhathi eqala ngqa ukubona uTholakele? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.11 Ukuba wena wawungumalume kaBhekani wawuyovuma yini ukuyolobola uTholakele? (2)

KANYE**ISIQESHANA D**

'Wamthola kanjani umngani owumlungu Tholi?'	
'Indaba ende kabi; ngiyokuxoxela nginesikhathi esanele.'	
'Akesabi ukukuvakashela la endaweni yabantu abamnyama?'	
'Ngamtshela phela ukuthi iphelile leyo nto manje. Futhi-ke lapha akekho umuntu osukela omunye.'	5
'Sizobonana ntambama mntakwethu?'	
'Akungatshazwa. Mina sengikukhumbule kabi. Ungilayile uPamella wangivakashela.'	
'Nansi imoto, sesobonana ntambama.'	
Kwaba ukwehlukana kwabo ngaleso sikhathi; waqonda esikoleni uBhekani.	

'Niqhuba kanjani noTholi Bheki?'	10
'Angikaboni lutho olubi mngani wami.'	
'Usuke wambona lo mngani wakhe womlungu?'	
'Cha, Sfiso uyazazi izindaba. Wazi noPamella?'	
'Ngiyamazi. Ukutshelile ukuthi usuke ezokwenzani kwaTholakele?'	15
'Hhayi, angazi. Kanti usuke ezokwenzani?'	
'Uma unesikhathi Bheki akothi uma efikile lo mlungu ubavakashela. Uma uthanda ubalunguze nje ukuthi benzani.'	
'Awungithi fahla kancane Sfiso.'	
'Phela, ngeke ngixoxe ngezindaba zentombi yakho: wena yenza le nto engikutshela yona kuphela.'	20
Wathula uBheki manje. Kwafika kuye ukuthi cha, sengathi uhlangene nezimbila zithutha impela namuhla. Lo makoti wakhe kanti unjani? Washeshe wasuka eduze kukaSfiso wayozihlalela yedwa. OThisha abaningi baqala bambalekela manje. Abanye babekloloda bebhinqa igama likamfelokazi lingaphumi emilonyeni yabo. UBheki wayengasajabule kahle esikoleni.	25
Sathi uma siphuma isikole waqonda ekhaya. Wazilungisa kahle.	

2.12 Xoxa ngesisusa/imbangela yokungezwani phakathi kukaBhekani nothisha afundisa nabo. (2)

2.13 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
2.13.1 Ukhulelwe.	A uPamella
2.13.2 Imoto ebomvu.	B uLindiwe
2.13.3 Waphupha ejahwa yibhubesi.	C uBhekani
2.13.4 Washaywa nguBhatomu ngeketanga.	D uTholakele

(4 x 1) (4)

2.14 Baba namphumela muni ubugebengu bukaTholakele noPamella? (2)

2.15 Sifundo sini osithole ngokufunda isiqephu esingenhla? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

2.16 Chaza ngamaphuzu AMABILI okukhombisa ukuthi abantu asebashona bayakwazi ukukhuluma nabaphilayo ngezindlela ezithile ngokubhekisa kule ndaba. (2)

2.17 Umbhali uphumelele ukulandela imigomo ebalulekile yokubhala isiphetho sale noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO**UMBUZO 3: ABABULALI BENYATHI - RM Mngadi**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA E

(Seliya ngomutsha wendoda. UMaShezi uzihlalele endlini yokuphumula. Nomsakazo usholo maphansi. Upheqapheqa iphephabhuku. Khona manjalo kungene uDuma.)

MASHEZI: *(ephakamisa ikhanda)* Sekunguwe njalo baba?

DUMA: *(sakuncokola)* **Ubuza ibhasi libhaliwe?**

MASHEZI: *(naye athi ukumamatheka)* Hawu! Kanti wena sewaba yibhasi? *(bahleke bobabili)* 5

DUMA: *(ahlale kwesinye isihlalo)* Uboshiwe ngempela uDlamini. Kusasa uzoya kobingelela imantshi.

MASHEZI: Ashile! Kuhle-ke uma eboshiwe. *(athule kancane)* Nginovadlwana kodwa mina baba. 10

DUMA: Kodwa! Kodwa! Uvadlwana! Yini manje?

MASHEZI: *(ngokuzithoba)* Baba! Igazi likaMbandlwa lichithekile, induna yaboshwa. Konke lokhu akusho lutho kuwe?

DUMA: *(ngolaka)* Uthini manje? Mina ngibona kuzobathambisa ukuboshwa kwenduna. 15

MASHEZI: *(aphakamise izwi nomoya wakhe wenyuke)* Hhayi bo! Ubathatha kancane wena abantu bakule ndawo. Uyakhumbula ngesikhathi sodlame? Iningi labantu balapha bayayithanda inkosi futhi bayayihlonipha. *(ehlise umoya)* Baba, ngicela ukubone lokhu engikushoyo. Mina bengingacabangi ukuthi lesi simo sizozise sifike kuleli banga esesikulo. Uyabona, nenja uma ikhonkotha uke unganaki. Wethuke uphelele uma isizifikela ngamazinyo kuwe. Baba, izwe lizobheduka. Mina ngibona kungcono wena uzehlise enkosini noma uyeke kwabona ubukhansela lobu. 20

DUMA: *(ethukuthela)* Hheyi! Hheyi! Kanti usudleni wena? Lezi zinto ozishoyo zombili angizamukeli! Lungamane luchitheke uphoko! Lutho mfazi! Ngeke! 25

MASHEZI: *(enyuke ngolaka naye)* Ubani umfazi weBafana? Ubiza mina ngomfazi? Wena awufuni ukuboniswa! Ngiyakutshela, uyongikhumbula seluchithekile lolu phoko lwakho.

DUMA: *(abhoke kakhulu)* Uzwa kanjani wena! Angisilo ivaka mina! Futhi, vala lo mlonyana wakho singaze sethusane. 30

- 3.1 Uboshelweni uDlamini? (1)
- 3.2 Wayezobe enzani uDlamini uma ebingelela imantshi? (1)
- 3.3 Bhala izinto EZIMBILI ezishiwo nguMaShezi athi uDuma angeke aze azenze. (2)
- 3.4 Babunjani ubudlelwane phakathi kwenkosi nabantu bomphakathi wayo? (2)
- 3.5 Yisiphi isizathu esenza uDuma athi ukuboshwa kukaDlamini kuzobathambisa abantu? (2)
- 3.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- Isimo sokukhuluma esithi: '**Ubuza ibhasi libhaliwe?**' sisho ...
- A ukubuza into esobala.
- B ukubuza into engekho.
- C ukubuza ngezinto zokuhamba.
- D ukuzibuza uziphendule. (1)
- 3.7 Tomula umusho osesiqeshini ofakazela ukuthi uMaShezi wakuthokozela ukuboshwa kukaDlamini. (2)
- 3.8 Ukuziphatha kukaDuma kuyahambisana yini nendlela umholi okhethwe ngabantu okufanele aziphathe ngayo? (2)
- 3.9 Chaza ngesimo senhlalo (okwenzekayo) kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 3.10 Uyavumelana yini nokuthi udlame kule ndawo lwaba nemiphumela emibi. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 3.11 Ukuba wena wawunguMaShezi wawuyokwenzenjani emva kokuba abafana bedlule baqhumisa izibhamu eduze komuzi kaDuma? (2)

KANYE

ISIQESHANA F

(Kusemzini wenkosi ntambama ngoMsombuluko. Kunomhlangano wenkosi, induna kanye namadoda omkhandlu wenkosi. Umhlangano usendlini eyakhelwa imihlangano yomkhandlu.)

SHANDU:	Madoda! Namuhla ngithokoze kakhulu ngoba induna ayizukulala esitokisini.	5
AMADODA:	Ndabezitha!	
SHANDU:	Yize icala lingaphelile kodwa mina nginethemba ngoba lesi silima esinguMbandlwa asinaye ufakazi. (<i>iqondise kuDlamini</i>) Awuthi qaphu qaphu ngesimo secala khona umkhandlu wami uzothola sonke isithombe.	10
DLAMINI:	(<i>asukume uDlamini</i>) Ndabezitha! Ngizoqala ngokubonga uNdabezitha ngokungikhokhela ibheyili. Mina bengizoyithathaphi inkulungwane yamarandi? Ndabezitha nani bandla lenkosi, icala lokushaya ngiyaliphika ngima ngentaba. Ngithi, uMbandlwa ngamsikaza ngenduku maqede yena wagxuma wazishayisa echosheni lobonda lwekilasi. Okuhle kakhulu ngukuthi mina amadoda engangihamba nawo ayangifakazela. Yena akanaye ufakazi ngoba ikhansela lalingaphakathi ekilasini kanye nezethameli zomhlangano. Lihlehlile-ke icala. Liyoze lingene emuva kwezinyanga ezintathu.	15
AMADODA:	(<i>kuzwakale ukuhhomuzela kwentokozo abanye behleka</i>)	20
SHANDU:	(<i>inkosi yelule isandla sakumhlalisa phansi uDlamini</i>) Hhayi-ke! Siyabonga Mzizi, unghlala phansi.	
DLAMINI:	(<i>ahlale phansi</i>) Ndabezitha!	
SHANDU:	Kunjalo-ke madoda. Mina ngeke ngimsole uDlamini ngoba leli khansela liyangeyisa. Lake lakubonaphi ukuthi umfokazana angamane abize umhlangano endaweni yenkosi engadlulanga enkosini?	25
AMADODA:	(<i>ahhomuzele</i>)	
INDODA YOKUQALA:	Uyagcwaneka lo.	
INDODA YESIBILI:	Yisizwe sakho lesi Ndabezitha! Singakufela thina!	
DLAMINI:	(<i>aqondise emkhandlwini</i>) Yehlisani umoya madoda! Thulani umsindo, uNdabezitha usakhuluma!	30
SHANDU:	Mina ngiyasola uDuma usabambelele kulokhu okwenzekayo ngesikhathi sodlame. Angithi ngikhuluma nje ungomunye walaba abehla benyuka lapha endaweni yami. Begqugquzela ngenkani ukufaka leli dungabantu ababelibiza ngomzabalazo.	35

3.12 Xoxa ngenkinga ababhekana nayo oMbandlwa noDuma ngosuku lomhlangano. (2)

3.13 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
3.13.1 UMazongolo	A Isikole okwabanjelwa kuso umhlangano.
3.13.2 UMaMsomi	B Unogada wenkosi.
3.13.3 INdabuzekwayo	C Usihlalo womhlangano.
3.13.4 UFohloza	D Inkosikazi yenduna.

(4 x 1) (4)

3.14 Kwaba namthelela muni ukuthi uMbandlwa angabi nafakazi ecaleni lakhe noDlamini? (2)

3.15 Umbhali usichazela kahle ngesimo senkundla nokuthi abadlali (abalingiswa) esibathola kulesi siqephu babekuyiphi indawo, benzani ngesikhathi bekhuluma. Tomula amazwi akubakaki esiqeshini ayimiyalelo yokuzokwenzeka enkundleni (stage directions) achaza lokhu. (2)

3.16 Ukuphatha ngokwentando yeningi endaweni yasemakhaya kwaba namuphi umthelela kubaholi bendabuko? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.17 Umbhali uwulandele umgomo wokubhala isingeniso. Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

UMBUZO 4: ISIKO NELUNGELO – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA G

(UThenjiwe ubevakashelwe uGugu umngani wakhe. UGugu useyahamba, uThenjiwe uyamphelezela. Bayaxoxa.)

GUGU:	Okungijabulisayo nje mngani ukuthi akubonakali ukuthi usemnyameni. Benginovalo ngithi ngizokufica uhwabhekile impela.	
THENJIWE:	Cha ukuthi ngazitshela Gugu ukuthi osekwenzekile kwenzekile. Kuningi okwake kwangifikela, kodwa ngathola ukuthi leyo mizindlo ayiwuphumuzi umphefumulo wami.	5
GUGU:	Cha usukhulile-ke mngani, uma usukwazi ukudlulisa usizi olunje. Abaningi ontanga basuke baqale phansi bafune imbangela yokufa komuntu. Babuye bakhohlwe ukuthi umuntu uyafa nje ukufa kwemvelo.	10
THENJIWE:	Eqinisweni nje ngiyaziqinisa Gugu. Nanokuthi ngiyakhuluma kungenxa yenu. Mkhulu umsebenzi enawenza ningiduduza.	
GUGU:	Sengifisa nokuthi nje abasemzini bakuphathe kahle, bakucabangele.	
THENJIWE:	Cha bona bandla abakakhathazi ngalutho. Kuningi futhi abakhombisa ngakho ukuthi bayangizwela. Angazi-ke noma bazobuye bashintshe yini. Into abangakwazi ukuyiqeda isizungu nenkumbulo kaSkhumbuzo.	15
GUGU:	Njengoba usemncane kangaka-ke mngani uzogcina kanjani? Uzohlala lapha ekhaya unomphelo noma uzozama ukuqala impilo kabusha?	
THENJIWE:	Kulukhuni ukusho njengamanje mngani. Angithi uyabona ngisagqoke ezimnyama, akulula ukuthatha izinqumo manje. Isifiso sami nokho bekuwukuba ngibuyele ekhaya. Into engingayazi-ke ukuthi abasemzini bazovuma yini.	20
GUGU:	Injongo yakho ngempela yini mngani? Ngabe ufuna ukubuye ugane noma uthole umlisa ozovala isikhala sikaSikhumbuzo?	
THENJIWE:	Eyokugana angisayiboni mngani wami. Uthando ebenginalo luhambe nowakwami lonke. Akuselula ukuba ngikwazi ukuthanda omunye umuntu manje.	25
GUGU:	<i>(Ahleke kancane)</i> Cha ubumthanda uSikhumbuzo mngani wami. Ukufa kuyinuku impela.	

4.1 Bhala isizathu esenza uGugu athi uThenjiwe usemnyameni. (1)

4.2 Wenzani uThenjiwe le athi uGugu iyabehlula ontanga yakhe? (1)

- 4.3 Xoxa ngenkinga kaThenjiwe yasemzini wakhe ngokwalo mdlalo. (2)
- 4.4 Nikeza isizathu esenza kube nzima kuThenjiwe ukuthatha izinqumo okwamanje. (2)
- 4.5 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla: **'Ukufa kuyinuku impela.'**
- A Kunensila.
B Akugezi.
C Kuyaphoxa.
D Kunenkani. (1)
- 4.6 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi kukhona abasemzini abangeke bakwazi ukukuqeda empilweni kaThenjiwe. (1)
- 4.7 Chaza ukuthi isifiso sikaThenjiwe sokufisa ukubuyela ekhaya kubo samdalela kanjani izinkinga. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 4.8 Chaza ngesimo senhlalo (okwenzekayo) kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 4.9 Kwakuyokwenzekani ukuba uMaMbatha wayizwa inkulumo kaThenjiwe noGugu? (2)
- 4.10 Umbhali uwulandele umgomo wokubhala isingeniso. Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 4.11 Ukuba wena wawunguThenjiwe wawuzokwenzenjani uma uThabi esekubambe ufaka ushevu etiyeni lomfowabo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

ISIQESHANA H

(Kubo kaThenjiwe, baphumile bami phandle bebona umuntu ozayo ohamba ekhala.)

- MONDISE: Kodwa nithi uza lapha ekhaya lo muntu?
- MAMKHIZE: Sengathi. Kodwa uyambona baba ukuthi ubani?
- THENJIWE: Sengathi umuntu omdala nje?
- MONDISE : Ngabe kushone bani pho? 5
- MAMKHIZE: Uza lapha impela. Hawu nkosi yami. Kodwa ngabe ukufa kusifunani lapha ekhaya?
- THENJIWE: Sengathi umamezala lo? Uyena impela.
- MONDISE: UMaMbatha?
- THENJIWE: Uyena kanye baba. 10
- MAMKHIZE: *(Amemeze)* Siphuthume bo! Sekugadlephi ukufa na?
- MAMBATHA: *(Ebalisa)* Yeka ngengane yami. Nokwenza isisele yodwa vo.
- MONDISE: Iyiphi-ke leyo ngane?
- MAMBATHA: *(Ekhala) UDumisani* (Hhi ... hhi) zimgwazile izigebengu zikamakoti. *(Hhi ... hhi)* 15
- MONDISE: Umakoti waphi?
- MAMBATHA: Yena *(Hhi ... hhi)* lo. *(Akhombe uThenjiwe)*
- MAMKHIZE: Zimgwaza kuphi? Nini? Hhawu weSimakade! Uyaphila?
- MONDISE: Kahle ngemibuzo eminingi kangaka. Ngeke siluzwe kahle udaba. Ugwazwe ubani uDumisani? 20
- MAMBATHA: *(Hhi ... hhi)* Isoka likaThenjiwe *(Hhi ...)*
- THENJIWE: Hhayi bo! Anginasoka mina. *(Ethukile)*
- MONDISE: Kodwa yini le oyenzayo Thenjiwe? Usuhambe wafuna abantu ukuba bagwaze umfowabo kamkhwanyana. Khona ungamfuni usungambulala pho? 25
- MAMKHIZE: Hhawu Sebawoti. Kanti umuntu uyophumula nini emhlabeni. Ushonile yini umfana?

MAMBATHA: Usesi ... bhe ... dlela. Ugulela ukufa. Bamlalele endleleni.

THENJIWE: Bakwethu, akalalelwanga endleleni. Bekula ...

MONDISE: (*Ngolaka*) Usenesibindi sokukhuluma usubulele umuntu? Lunga 30 kuyobonwa lo muntu ofayo.

MAMKHIZE: Ugwazwa yiyo intokazi njalo?

MAMBATHA: Kusobala ukuthi yisoka layo. Sengiyabona ukuthi ilwa kangaka nje nesiko le ngane isizitholele ezomgana.

THENJIWE: Anginasoka mina. Akukho (*Akhale*) muntu engizomgana. UDumisani 35 ulimale uSipho engivikela.

MAMBATHA: Kade ngezwa mina ngalo Sipho. Cishe yafa ingane yami.

4.12 Ubani lona ababembona abakwaMondise eza ekhala engabacaceli kahle ukuthi ungubani? (1)

4.13 Yikuphi okuyiphutha okwashiwo uMaMbatha ngesikhathi echazela abakwaMondise ngokulimala kukaDumisani kulesi siqephu? (2)

4.14 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
4.14.1 uMaMbatha	A Usekela ilungelo kunesiko.
4.14.2 uMaNzuza	B Akakwazi ukuzithathela izinqumo.
4.14.3 uNondumiso	C Unodlame nenkani.
4.14.4 uDumisani	D Wahlangana noThenjiwe endleleni.

(4 x 1) (4)

4.15 Ukuzwelana kukaNondumiso noThenjiwe kwaba namphumela muni ebudlelwaneni bakhe nobaba wakhe? (2)

4.16 Umbhali usichazela ngesimo senkundla nokuthi abadlali (abalingiswa) esibathola kulesi siqephu babekuyiphi indawo, benzani ngesikhathi bekhuluma. Tomula amazwi akubakaki esiqeshini ayimiyalelo yokuzokwenzeka enkundleni (stage directions) achaza lokhu. (2)

4.17 Ukungavumi kukaThenjiwe ukungenwa nguDumisani nakuba abasemzini babevumelana nabazali bakhe kumchaza njengomuntu onjani?. (2)

4.18 Ngokucabanga kwakho ukuba uThenjiwe wagcina engavumanga ukungenwa nguDumisani kwakuyokwenzekani? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 5.1 NOMBUZO 5.2.

UMBUZO 5**5.1 'LAPHO KUKHONA UTHANDO' – NE Mbesa**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA I

Ezwe manje izwi likhuluma naye, 'Sawubona! Ungubani igama lakho?' Noma esezama kanjani uSebenzile ukukhuluma lo muntu akamuzwa. Kusho ukuthi ilizwi lakhe aliphumi. 'Kulungile-ke. Ake uphumule. Kodwa ake uphuze kancane lapha ngaphambi kokuba ulale.' Ngemuva kwamathamo amabili, amathathu, azizwe esenele. Athi lapho ethi uyabonga lingaphumi izwi. Amamatheke lo mama obemphuzisa athathe athi, 'Lala-ke uphumule. Siyabonga ngoba usuphapheme mntanami.'	5
Uphinde waphashanyiswa ilizwi elimumemezayo. Hawu! Lapho evula amehlo, abone ukuthi ubephupha. Ubemenyezwa umuntu oshayela imoto eyongena emfuleni. Umzimba ubuhlungu wonke. Ikhanda liyasinda, liqhekezeka phakathi. Esabuka umbhede alele kuwo, nale ndlu alele kuyo, athole ukuthi akazi mpela mpela ukuthi ukuphi. Kuvuleke umnyango kungene ukukhanya okumxhophayo. Kungene umama oseqinaqinile nje, ulandelwa umhlengikazi ... kanjani? Kanti ukuphi?	10
'Hawu, sawubona-ke ntombi! Unjani namuhla?'	15
'Ngikuphi lapha? Ningobani nina?'	
Bajabulele ukuthi useyakhuluma. Bakhulume amagama akhuthazayo okuthi kuzolunga konke, useyalulama. Umhlengikazi usemhlolahlola wonke umzimba. IsiZulu sabo nokho asiqondile kahle. Esikamama singcono kunesomhlengikazi. Esenelisiwe umhlengikazi, anikeze iziyalo azoqhubeka ngazo ngokunakekela uSebenzile, abese ebashiya njalo.	20
'Ngifike nini lapha?'	

- 5.1.1 Wabe ejatshuliswa yini lo mama owayenakekela uSebenzile? (2)
- 5.1.2 Wavuswa yini uSebenzile ebuthongweni? (1)
- 5.1.3 Wayeyokwenzani uSebenzile kwaBulawayo? (1)
- 5.1.4 Kwamsiza ngani uSebenzile ukuba khona komuntu okwazi ukukhuluma IsiZulu ebhasini? (2)
- 5.1.5 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla. Khetha impendulo efanele: **'Ikhanda liyasinda, liqhekezeka phakathi.'**
- A Likhulu
B Libuhlungu
C Linomsangano
D Liyakhukhumala (1)

- 5.1.6 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi lo mama okhuluma noSebenzile ungumuntu osekhulile. (2)
- 5.1.7 Chaza ngamaphuzu AMABILI inkinga eyavelela uSebenzile endleleni eyabangela/eyenza ukuba angabe esafika lapho ayeya khona. (2)
- 5.1.8 Le ndaba yenzeka esikhathini samanje. Bhala amaphuzu AMABILI ufakazele lesi sitatimende. (2)
- 5.1.9 Ukuhambela indawo ongayazi ungazange ulwenze ucwaningo ngayo kungaba nezinkinga eziningi. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU ngokwenzeka kule ndatshana. (3)
- 5.1.10 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi abantu balapho ayeya khona uSebenzile banezinhliziyi ezinhle? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa esigamekweni esamehlela. (2)

KANYE**5.2 'UNOZIMOTO' – NAP Khumalo**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA J

'Le moto isivusa lo mkhuba wayo,' kusho uJoe. Azame futhi. Imoto ayisuki. Behle bavule ngaphambili futhi. Kuyahwalala njalo akumile. Cumba, cumba, bavale bangene. Imoto ayisuki.

'Kodwa bakithi singezame nokuyidudula, mhlawumbe isuke?' kubuza uKaMaseko, sezimfinineka izinyembezi. Behle, kusale umshayeli. Bayidudule ibangana. Kunzinyana impela ngoba akwehleli nakule ndawo, yindawo nje eyicabazi. Asondele azobadudulisa noMafutha. Ize idume ngelikade. Bangene. Isuke. Bavayize sebevalelisa kuMafutha. NoMafutha aphakamise isandla esebavayizela. Ikhanyise manje imoto. 5

UKaMaseko uyathatha uyabeka manje engqondweni. Uselokhu ecabanga nje ukuthi umyeni wakhe usefikile kudala ekhaya. Sebemangele nje nezingane ukuthi udliwe yinja uyinyama yini. 10

Kuthe uma ifika lapho umgwaqo wenza khona isiphambano, yajikela ngasesandleni sokunxele, yabheka lapho beqhamuke ngakhona beseza kwaMafutha. 15

'Engathi kufanele siphendukele ngasesandleni sokudla nje bobhuti, akunjalo? Bengithi siqhamuke ngapha emini sisafika,' esho ekhomba uKaMaseko. Uyaziqinisa, uvalo selukhona.

'Akunjalo. Siqhamuke ngapha. Nguwe ongasaboni. Kufanele kodwa, indawo awuyijwayele,' kusho uJoe imoto isidledlemuka ngempela manje nehlati. 20

Habe! Nakhu sebephuma ehlathini. Dukuduku bangene kwelinye. Isinindolo. Akakhumbuli impela uKaMaseko ukuthi bake bedlula kwelinye ihlati, nokwenza elikhulu kanje, beseza neno. Ihambe kuze kube mnyama kakhulu imoto.

- 5.2.1 Kwabe kungubani igama lomyeni kaKaMaseko? (1)
- 5.2.2 Bhala ngephuzu ELILODWA okwenziwa nguKaMaseko ayengakuthandi umyeni wakhe. (1)

5.2.3 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
(i) UDombi	A Owesifazane ongukaMaseko.
(ii) uBra Joe	B Isigebengu esasisehlathini.
(iii) uNozimoto	C Umngani kaKaMaseko.
(iv) uMafutha	D Umshayeli wemoto.

(4 x 1) (4)

5.2.4 Chaza ngemisho EMIBILI isigameko esaholela ekuthini uKaMaseko asinde ezigebengwini ezazizama ukumthumba. (2)

5.2.5 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi uKaMaseko wayengasazi ukuthi kufanele enzeni. (1)

5.2.6 Isenzo sikaJiyane sokungavumeli unkosikazi wakhe ukuba agqoke ingubo enhle amthengela yona uma engahambi naye edolobheni simveza njengomuntu onjani? (2)

5.2.7 Uthini umlayezo wale ndaba emfushane? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

5.2.8 Ukuxola kukaNtokozo kwakuyinto esuka ngaphakathi kuye yini noma wayesenzela laba ababemncenga? Sekela ngomusho OWODWA, ubhekise endabeni. (2)

5.2.9 Uyazwelana yini noKaMaseko ngenkinga eyamvelela? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO**AMAHLOKOHLOKO/ IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga no JJ Thwala****UMBUZO 6**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 6.1 NOMBUSO 6.2.

6.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ungumzali Onjani? – LMMS Madondo

- 1 Ungumzali onjani?
- 2 Odel' igazi lakhe
- 3 Lichithek' ezindabeni.
- 4 Sithi sihlezi sithokozile
- 5 Kodwa abesibophel' amanqina enyathi.
- 6 Ungumzali onjani?
- 7 Onhliziyo yakhe iyitshe
- 8 Ongafuni ukusinika
- 9 Iwisa nesihlangu
- 10 Silwe sivike kudel' umakhasana
- 11 Kukhale ingwazi kukikizwe!
- 12 Ungumzali onjani?
- 13 Ongasingath' amachwane akhe,
- 14 Awafak' endleleni eyiyo.
- 15 Kuthi lapho kufik' izivunguvungu
- 16 Ziwithole **ekhuselekile.**
- 17 Ungumzali onjani?
- 18 Ohlal' anethezeke
- 19 Ashay' esingeqiwa ntwala
- 20 Kodwa ekhaya kudlang' usizi
- 21 Izingane zibona ngokusa.
- 22 Ungumzali onjani?
- 23 Onikwa isikhali sempilo
- 24 Ahlabane ngaso imizuzwana
- 25 Asitshinge phezulu
- 26 Kuqhamuk' iminjunju imtshikitshela.

- 6.1.1 Yini le embi eyenziwa ngumzali eshiwo esitanzeni sokuqala? (1)
- 6.1.2 Tomula isisho ESISODWA esitholakala esitanzeni sesi-2. (2)
- 6.1.3 Bhala igama elisho okufanayo nalelo eligqamile emugqeni we-16. (1)
- 6.1.4 Khipha umugqa oqukethe isifenqo ukwenzasasilwane otholakala esigabeni sesi-3. (1)
- 6.1.5 Khipha amazwi ayimpindwa kule nkondlo. (1)

- 6.1.6 Tomula isibonelo semvumelwano esitanzeni sokugcina bese usho uhlobo lwayo. (2)
- 6.1.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isimo sokukhuluma esidweshelwe kulo musho 'Kodwa abesibophel' amangina enyathi'; sisho ...
- A ukhleba omunye umuntu.
B ukuqambela omunye amanga.
C ukungamniki omunye umuntu.
D ukhlelela omunye umuntu into embi. (1)
- 6.1.8 Chaza ngomusho OWODWA la mazwi acashunwe emgqeni we-19 nowama-20 enkondlweni:
'Ashay' esingeqiwa ntuala
Kodwa ekhaya kudlang' usizi (2)
- 6.1.9 Ngokwale nkondlo imbongi iqonde ukuthini ngalo musho:
'Awafak' endleleni eyiyo' (2)
- 6.1.10 Ukuziphatha kwalo mzali kungaba yingozi enkulu ekukhuleni kwezingane zakhe. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 6.1.11 Ukuba wena wawuyingane yalo mzali yini owawungayenza? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

KANYE

- 6.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UNozidumo – LMMS Madondo

- 1 Ngikubonile mntanomuntu uyiphaka,
- 2 Ngikubonile nkosazana uyididiyela
- 3 Ngikuzwile mntanomfazi uyiyalela
- 4 Ngikuzwile ngane yabantu uyikhakhabeza.
- 5 Uyiphake angakholwa nkosazana,
- 6 Uyisuse kwelakini koMelika
- 7 Wayisingisa kwelenkolo koSadamu,
- 8 Uyiphake yadl' amadoda mame,
- 9 Uyiphake kwasuka izidumo Nozidumo.
- 10 Uyiphathise omkhulu umyalezo,
- 11 Kashongo njalo okaBush!
- 12 Uyididiyele ntokazi yase-Afrika,
- 13 Wayijuba mame omnyama,
- 14 Kwagxabhazela izisu emadodeni.
- 15 Uyididiyele kwaphela izinseka
- 16 Zobumame obamumatha izinyanga,
- 17 Abantwana babantu abazocoboshiswa.

- | | |
|----|--|
| 18 | Uyiphakile Nozidumo wakithi, |
| 19 | Wanamathela kwabakhulu bakho, |
| 20 | Wayikhomba engahleliyo, |
| 21 | Wayisingisa kuNtshebende |
| 22 | Iphume ekamabuyaze eyakho, |
| 23 | Wayisingisa koSadamu |
| 24 | Ngolaka nesankahlu seluxu, |
| 25 | Lokwahluleka kuNtshebende, |
| 26 | Wayikhomba ngolaka oluphindiwe, |
| 27 | Yadla mfazi yadla ndoda kuSadamu. |
| 28 | Izidumo ezingaka uzisusa ngaliphi? |
| 29 | Ulaka olungaka uluthathaphi? |
| 30 | Isibindi esingaka wasifuziswaphi? |
| 31 | Izindimbane ezilele kobandayo? |
| 32 | Ngelakho izwi Nozidumo elinonya. |
| 34 | Ngabe wunya lobugqila boyihlomkhulu? |
| 35 | Ngabe usebenzela usathane ozimpondompondo? |
| 36 | Babenzeni uma bezicijela imikhonto yabo? |
| 37 | Kakade igquzelwa ubisi lwayo. |

- 6.2.1 Yiliphi igama esitanzeni soku-1 elenza sibone ukuthi uNozidumo ungumuntu wesifazane? (1)
- 6.2.2 Wayiphaka eyisusa kuliphi izwe impi yakhe uNozidumo? (1)
- 6.2.3 Khipha i-enjambamenti esitanzeni sesi-3. (2)
- 6.2.4 Tomula isibonelo sefanamsindo esitanzeni sesi-3. (1)
- 6.2.5 Fingqa umqondo osobala otholakala emgqeni we-18 kuya kowama-22 ngemisho EMIBILI. (4)
- 6.2.6 Tomula umugqa esitanzeni sesi-4 onikeza umqondo wokuthi impi kaNozidumo yayibulala kwasani ingakhethi bulili. (2)
- 6.2.7 Shono indikimba equkethwe yile nkondlo. Sekela impendulo yakho ngomusho OWODWA. (2)
- 6.2.8 Chaza umqondo oqukethwe umugqa wama-31 kuya kowama-32 kule nkondlo ngomusho OWODWA. (2)
- 6.2.9 Uyavumelana yini nokuthi abantu ababulawa nguNozidumo babengenacala. Sekela impendulo yakho ngokucaphuna imigqa emibili esitanzeni sesi-5. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70